**INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULWA KWAMAHHOVISI E-PRE NERENKI YASEZAKHENI, EMNAMBITHI, 23 OCTOBER 2015**

- Mphathi wohlelo;
- IMeya yasoThukela, Cllr Mazibuko;
- IMeya yaseMnambithi, Cllr Madlala;
- USihlalo weKomidi lezokuThutha, uMnuz Kaunda;
- Amakhosi akhona;
- Amakhansela wonke;
- USihlalo weSantaco KwaZulu-Natal obuye abe iPhini lesibili likaMengameli kuzwelonke, Mnuz Zondi;
- Ubuholi beSantaco be-Region;
- Ama-Taxi Association kwi-Region yaseMnambithi;
- Ubuholi beKwaZulu-Natal Bus Council (KWANABUCO);
- Inhlangano yabagibeli i-PTPA;
- Izinhlaka zezokuphepha – CPF ne-KZN CCPA;
- UMphakathi wonke waseMnambithi;

Mangiqale ngokubonga kunina nonke ngokuba yingxenye yalo mcimbi ongenye ingqophamlando esifundazweni. Namhlanje sigcizelela ukuqiniswa kokubambisana phakathi kwethu njengoHulumeni nemboni yezokuthutha umphakathi.

Okusijabulisa kakhulu ukuthi konke lokhu okwenzekayo kungumphumela wokubambisana phakathi kwethu njengoHulumeni nani njengosomabhizinisi abathutha umphakathi.
Izinhlelo ezimbili esize ngazo namuhla kule ndawo zimqoka kakhulu, ikakhulukazi ukuphucula izimpilo zabagibeli njengoba sazi ukuthi umphakathi omningi wakule ndawo usebenzisa amatekisi namabhasi.

Le misebenzi esizoyethula iyingxenye yezinhlelo zenyanga yezokuThutha u-Okthoba lapho siqhakambisa khona imisebenzi eyahlukene emkhakheni wezokuthutha.

Namhlanje sivula ngokomthetho ihhovisi lamalayisensi okuthutha umphakathi lalapha eMnambithi namaphethelo. Leli hhovisi lingelinye lamaningi asisazowasabalalisa esifundazweni njengoba siqale ngonyaka odlule laphaya eMpangeni salivula elakhona.

NasePort Shepstone sesinalo kanti maduze nje sihlela ukuvula elaseJozini.

Njengoba ngithi lo mcimbi ugcizelela ukubambisana kukaHulumeni nemboni yokuthutha umphakathi, lolu hlelo lokusabalalisa amahhovisi amalayisensi lungenye yezinto esavumelana ngazo kwi-Provincial Taxi Indaba eThekwini ngo-September 2012, eThekwini.

Ngalamahhovisi sithi yonke imisebenzi yophiko loMnyango lwe-Provincial Regulatory Entity (PRE) olubhekene nokukhishwa kwezimvume zokusebenza kwamatekisi, amabhasi kanye nama-metre taxi isizotholakala eduze.

Ukuvulwa kwaleli hhovisi laseMnambithi namhlanje kusho ukuthi manje nalaba abafuna izimvume zezimoto ezithutha izivakashi sebezokwazi ukufaka izicelo eduze futhi ukusebenza kwabo kube lula – kunyuke nomnotho nezokuvakasha.

Leli hhovisi sibheke ukuthi lisize kakhulu ukuqinisekisa ukuthi amatekisi asebenza kule ndawo anezimvume futhi asebenza ngokusemthethweni. Uma amatekisi esebenza ngokusemthethweni lokho kuzogwema ukungqubuzana nodlame olungenasidingo oluhlale luba khona embonini yamatekisi.

Ngaphezu kwalokho ukushesha kohlelo lwevimvume zamatekisi kuzokwenza ukuthi imboni yamatekisi ibuswe ngumthetho njengawo wonke amabhizinisi, kuphele ukuthi kube nomuntu ovuka ekuseni azifakele imoto.

Ukuvulwa nokusebenza kwalamahhovisi kufakazela ukuzimisela kukaHulumeni ukuhlangabezana nemboni yamatekisi – lokhu kuzoqeda nezinkulumo ezihlale ziba khona zokuthi uHulumeni ugweve nezimvume – noma wenza kancane ukukhipha izimvume.

Phambilini abanikazi bamatekisi bebephoqeleka ukuthi baye eMgungundlovu kuphela nobekwenza ukuthi uma kukhona izinkinga zemishini namakhompyutha, babuyiselwe emuva ngaphandle kokusizakala.

Siyabuzake thina ukuthi uma uHulumeni egweve nezimvume pho kungani akha amahhovisi okulekelela abanikazi bamatekisi ukuthola izimvume.

Lawa siwavula phezu kokuba eliseMgungundlovu ebelivele lisebenza lisekhona futhi lizoqhubeka nokwenza umsebenzi walo.

Leli hovisi laseMngungundlovu, ngikhuluma nje selikhiphe izimvume ezingu–4 647. Njengamanje sekukhishwe izimvume ezingu-1200 selokhu eqalile ukusebenza lamahhovisi eMpangeni nalapha eMnambithi.

Ehhovisi elise-Port Shepstone eliqale ukusebenza ezinyangeni eziyisithupha ezedlule, sekukhishwe izimvume ezingu-129 zisuka nje.

Ngempela lo Hulumeni kaMsholozi uyaqhuba…!!!!

Mphathi wohlelo, okunye okumqoka ngokukhishwa kwezimvume zokusebenza kwamatekisi, wukuthi abantu ababa yizisulu zezingozi bazosizakala kakhulu ngoba uma belimale etekisini engenayo imvume yokuba semngwaqeni i-Road Accident Fund (RAF) ayikhokhi nhlobo isinxephezelo.

Yingakho nje sinezikhalazo eziningi ezivela kubantu bakithi abalimala ezingozini kodwa okuze kube manje abakhokhelwe ngoba izimoto abalimala behamba ngazo zisuke zingenawo amaphepha azigunyaza ukuthutha umphakathi.

Ngakho sinxusa ukuthi kube khona ukubambisana phakathi kukaHulumeni kanye nabaphathi bemboni nalabo abasebenza kakhulu emarenki ukuthi ayingabi bikho imoto eqhubeka nokulayisha abantu uma ingenayo imvume ngoba lokho kuzoshiya nabantu bakithi besosizini.

Ukuvulwa kwalamahhovisi kuzosiza nokuthi singaboni sekuqubuka imibhikisho kumiswa nezimoto ngoba kuthiwa ziyaboshwa ngoba zingenazo izimvume njengoba sibone kwenzeka eThekwini – abagibeli sebesele dengwane.

Ngakolunye uhlangothi, ukwakhiwa kabusha kwerenki kanokusho yaseZakheni esiyivulayo namuhla, kukhombisa ngokusobala ukuthi lo hulumeni okhona obuswa i-ANC uzimisele ngokuphucula impilo kanye nezimo zabagibeli.

Le renki yakhiwe nguHulumeni ngenhloso yokuthi nina mphakathi waseMnambithi nikwazi ukuthutheka ngendlela enesithunzi futhi nikwazi ukuvikeleka kuzona zonke izimo zesimo sezulu uma niyogibela.

Umasipala waseMnambithi ufake imali enguphezulu kuka-R6 million ukwakha lesi sakhiwo esihle kangaka futhi silindele ukuthi kuhlomule kakhulu nosomabhizinisi bendawo abahweba kuyona le renki.

Kuphinde kwakhiwa nezitolo ezingu-16 ezizosiza abahwebayo kule renki. Siyabonga nangamathuba emisebenzi avulekile, ikakhulukazi kubantu abasha bakhona kule ndawo.

Kumele niyivikele le renki futhi kube yinina eniyiso likaHulumeni namaphoyisa uma nibona kukhona izinto ezimbi neziwukuphula umthetho ezenzakalayo kule renki.

Amarenki siwathatha ngokuthi ayizikhungo zomphakathi ezimqoka kakhulu ngakho kumele ahlale esesimweni esihlanzekile, ephephile futhi ahloniphe nesithunzi somuntu owumgibeli.

BoMeya, njengoba siyivula lerenki kumele sibhunge nangokuthi igadwa kanjani nguHulumeni ukuze onogaba abazoyigada basebenze njengeso likaHulumeni. Lokhu kumqoka ukuze kungabi khona abantu abaphethe izinhlokohlela zezibhamu nababeka izimpilo zabantu engcupheni kodwa singabazi nokuthi bangobani, babika kubani.

Lolu daba lokuthi uHulumeni athathe ukuphepha emarenki silwethulile kwiKhabhinethi yasivumela ukuthi lapho kunezinkinga khona kumele ukuphepha kubuyele kuHulumeni. Lokhu sikuqalile khona la kamakhelwane eNewcastle, ePost Shepstone naKwaMaphumulo siphezu kwalezo zinhlelo.

Kumqoka nakhona lapha ngoba zihlale ziba khona izigameko eziba khona nezithusayo ngesimo sendawo yaseMnambithi. Ngakho kumele ukuphepha kwabantu kubekwe phezulu eqhulwini.

Sonke sizokhumbula ukuthi ngonyaka odlule kube nezigameko eziningi ezenzeke kule ndawo lapho kubulawe khona abantu ngendlela enesihluku kakhulu.

Ngelanga elilodwa ezigamekweni ezimbili kwashona abantu abangu-15 khona la eZakheni - ngakho kumele noma sithuthukisa imboni bese sibhekana nezinkinga ezikhungethe le ndawo.

Isigameko sokuqala kwaba ngesokudutshulwa kwemoto ku-Peters Road nokwaphetha ngokuthi kushayisane itekisi kanye neloli kwashoba abantu abangu-9.

Okubuhlungu kakhulu wukuthi kwashona umuntu ongenacala emotweni yohlobo lwe-Mercedice Benz eyayihamba abantu ababeziphumela emshadweni.

Khona lapho futhi kungakapheli isikhathi esingakanani khona la eZakheni kwa-E, kwadusthulwa abesilisa abayisihlanu, bashona khona lapho. Kuzona zonke lezi zigameko uphenyo lwamaphoyisa lwakhomba ukuthi abantu ababulawa kwabe kungabantu okungesibona.

Ngemuva kophenyo olunzulu lwamaphoyisa imoto eyenza lobu bugebengu nayo okwavela ukuthi yabe intshontshiwe, yatholakala. Kwaboshwa abasolwa ababili kuleli cala kanti abanye abasolwa okwabe kuphume izincwadi zokuthi baboshwe, babuye babulawa esigamekweni esihlukile.

Sabahlanganisa nabakwaGamede kanye nabakwaMabaso ababesolwa ngokubhekana ngeziqu zamehlo kanti ngemuva kwalokho sibona selukhona uzinzo futhi besingakezwa ezinye izigameko ezinyathisayo.

Mphathi wohlelo kumqoka ukuba ngikugcizelele ukuthi sekukaningi lapho sibhekana khona nenkinga yodlame lwamatekisi bese kuvela nezinsolo zokuthi kukhona nephoyisa elinesandla noma elithatha amasayidi.

Nakhona la sawuthola umbiko wokuthi kukhona iphoyisa elabe lisebenza eGoli kodwa linezihlobo khona elabe liyingxenye yombango owabe uqhubeka la.

Okubi ngamaphoyisa angena shi ezindabeni zamatekisi wukuthi agcina kuyiwona aphazamisa ukusebenza komthetho kunokuthi noma esembonini kube yiwona ahamba phambili ukuze imboni yonke ihloniphe umthetho.

Umbono wethu njengoHulumeni lapha KwaZulu-Natal wukuthi imboni yamatekisi isithanda ukuzinza ngoba uma ubheka kososeshini abangu-246, bangaphansi kwabangu-10 abasasinika izinkinga nokudingeka ukuba singenelele kubo.

Nakubona laba abayishumi abaningi esingenelele kubo selukhona uzinzo futhi kunezinhlelo zokuqinisekisa ukuthi kukhona ukusebenza ngokubambisana.

Njengoba ngilapha ngoLwesithathu kade ngiseNewcastle lapho besiyohlangana khona nabanikazi bemboni kanye nobuholi ngiyobabikela ukuthi njengeKhabhinethi siphoqelekile ukuthi sithathe izinyathelo eziqinile ukubhekana nesimo sodlame kuleya ndawo.

Phakathi kokunye iKhabhinethi ekugunyazile wukuthi sibheke izigaba zomthetho iNational Land Transport Act, ezigunyaza ukuba sivale ukusebenza kwerenki noma kwamatekisi uma kubekeka engcupheni ukuphepha kwabantu.

IKhabhinethi iphinde yaseseka nokuthi siqinise kakhulu ukusebenza kwamaphoyisa, ngisho nalawa omshoshaphansi ukuze sivundulule yonke into bese sibheka nawo wonke amacala athintana netekisi kuleya ndawo.

Lokhu sikwenza kuzona  zonke izindawo ezisasinika inkinga futhi selokhu siqalile sibona ukuthi izithelo ziyabonakala. Okumnandi nje wukuthi uma sithi abantu abasithumelele thina njengoMnyango nami njengo-MEC baye basho ukuthi ngobani abantu abayinkinga. Nakhona la kumele nisisize nisazise uma kukhona abantu abawuhlupho nabenza ukuthi imboni ingabuseki ngendlela.

Ngifisa nokugcizelela nje ukuthi ukuphepha nokuthula embonini yamatekisi kumele kube ngumsebenzi wethu sonke – ngakho kudinga neqhaza lomphakathi. Ngifisa nokubonga ukubambisana okukhona neSantaco KwaZulu-Natal ngaphansi kobuholi bukaNondaba esikholwa wukuthi kwenza kube lula ukubambisana nokuxazulula izinkinga ezibhekene nemboni.

Mphathi wohlelo ngiyafisa ukugcizelela ukuthi njengoba sekusondele isikhathi samaholidi kaKhisimusi, asibumbane siyimiphakathi singavumeli izigebengu zingene phakathi kwethu. Kumele singavumi kube khona abazobuya eGoli noma eThekwini bezosusa uthuthuva bavuse nezimpi ezindala. Yingakho nje kusasa ngokubambisana namakhosi siya emahostela eGoli lapho siyohlangana khona nezinsizwa zakhona lapha KwaZulu-Natal – obese kuphele isikhathi eside zilwa futhi izimpi zazo seziqhutshwa nalapha emakhaya.

Kumele thina sonke sibe ngamanxusa okuthula futhi sibakhuze labo ababuyela ukuzosusa izimpi ngoba lokhu kulimaza isithunzi sesifundazwe sethu. Ngakho-ke sizocela ukuba nisukume nisebenzisane namaphoyisa kanye nezinhlaka zomphakathi ukuze silwe nobugebengu kule ndawo yaseMnambithi kanye nokuxhaphaka kwezibhamu.

Bheka nje ngoba emasontweni adlule amaphoyisa abophe abasolwa ababili abasolwa ngokuba yingxenye yodlame lwamatekisi abathola nezibhamu ezingekho emthethweni.

Phakathi kwabo kukhona nobaba omdala ona-81 oboshwe ePomeroy. Buphi ubuntu uma ikhehla eliguge ngaphezu kwami liphatha isibhamu esingekho emthethweni futhi

lisasolwa ngobuya yingxenye yokubulawa kwabantu. Umsolwa wesibili yena uboshwe e-Utretch.

Njengoba sibheke nasokhethweni loHulumeni basekhaya, kumqoka ukuba ngikugcizelele ukuziphatha kanye nokuhloniphana ikakhulukazi ngoba lapha oThukela, ikakhulukazi eMtshezi naseMbabazane sibe nezigameko eziningi ngokhetho olwedlule. Sifisa ukuthi ukhetho lube nokuthula nokukhululeka.

Sengiphetha, kumqoka ukuba sinikhumbuze ukuthi ukuphepha emgwaqeni kungumsebenzi wethu sonke ngakho kumele njengoba sesibheke esikhathini samaholidi siqinisekise ukuphepha emgwaqeni futhi sihloniphe imithetho yomgwaqo.

Sifisa kushaye isikhathi samaholidi nonke nisaphelele – ngakho ningavumi ukulayishwa ngokweqile – ningavumi umshayeli ahambe ngejubane eleqile – ningavumi ukulayishwa ngemoto engekho esimweni sokuba semgwaqeni.

Sengathi uNkulunkulu anganigcina aniphephise ezingozini zomgwaqo futhi aniphephise ezigebengwini.

**Ngiyabonga**